UKHETHO LOMASIPALA

Okhethweni LoMasipala, sikhetha abantu abasuke bezosimela kanye namaqembu ezepolitiki asuke ezosimela emikhandlwini yomasipala. Amakhansela akhethiwe anesibopho sokwenza ngcono izimpilo zabantu emphakathini kanye nokuletha izidingo nentuthuko kubona bonke abantu abahlala kulezo zindawo akhethelwe kuzo. Amakhansela aphinda futhi ashaye noma abheke ukuphasiswa kwemithetho yomasipala.

PHO KUNGANI UKHETHO LOMASIPALA LUBALULEKE KANGAKA NA?

1. Amakhansela akhethwa ngabantu aphila nabo emphakathini ngoba esesimweni sokuyiqonda imiphakathi eyakhele kanye nokwazi kangcono izidingo zabantu.

2. Leli yithuba lethu lokukhetha abantu abazimele kanye namaqembu ezombusazwe esibona ukuthi angakwazi ukuthuthukisa nokweseka imiphakathi yethu bese ehlinzeka ngezidingo nqangi ezifana nogesi, amanzi, izindlu zangasese, izinto zokuhamba kanye nokuqoqwa kwemfucuza.

NGABE USEBENZA KANJANI UHULUMENI WASEMAKHAYA NA?

Local government is made up of three different types of municipalities, which are run by councils.

OMasipala Abayimikhandlu Emikhulu (ama-Metro)

OMasipala Abakhulu esithi ngama-Metro omasipala abatholakala emadolobheni ezindaweni lapho kuhlala khona abantu abaningi. Bayisishiyagalombili oMasipala Abakhulu (ama-Metro) abakhona kuleli, kanti yilaba: IsEkurhuleni, i-City of Johannesburg, i-City of Tshwane, i-Nelson Mandela Bay, iseThekwini, i-City of Cape Town, i-Buffalo City kanye neMangaung.

Omasipala Abayi-mikhandlu Yendawo

Lezi yizindawo ezingaphandle koMasipala Abakhulu kanti laba omasipala babasemadolobheni amancane namanye amancanyana.

Omasipala Abayi-mikhandlu Yezifunda

Laba kuba womasipala bendawo abambalwa abathi uma behlanganiswa bese benza isifunda. Kuvamise ukuthi kube omasipala bendawo abaphakathi kwabane kuya kwabayisithupha abenza uMkhandlu Wesifunda.

UBANI OVUNYELWE UKUTHI AVOTE OKHETHWENI LOMASIPALA?

Ukuze ukwazi ukuvota Okhethweni LoMasipala kufanele ukuthi:

1. Ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika;
2. Ube neminyaka yobudala eyi-18 noma ngaphezulu ngosuku lokuvota; waseNingizimu Afrika oluhlaza, onamagabelo, umazisi osemthethweni;
3. Ube nomazisi oyisitifiketi sesikhashana, noma umazisi omusha oyikhadi;
4. Ube ubhalisile ohlwini lwabavoti;
5. Ubhalise lapho uhlala khona bese futhi uvota lapho ubhalisele ukuthi uzovota khona.

Ukuze uzihlole ukuthi ngabe ukubhalisele yini ukuvota, kumele wenze lokhu:

- Uthumele i-SMS nenombolo yakho ye-ID ku: 32810 (kubiza uR1 ukuthumela noma ukuthunyelelwa i-SMS ngayinye).
- Ungene kuwebhusayithi ethi: www.elections.org.za noma ethi mobi.elections.org.za.
- Ushayele ucingo Isikhungo Sokuxhumana Namakhasimende seKhomishani Yokhetho kule nombolo: 0800 11 8000 (le nombolo isebenza kuphela ngezikhathi zokhetho).
- Uhlole umqulu wabavoti ehhovisini langakini leKhomishana Yokhetho ngezikhathi zamahora okusebenza.

IEC
SOUTH AFRICA

NGABE WENA UMELELEKE KANJANI KUHULUMENI WASEKHAYA NA?

UMA UHLALA EMADOLOBHENI AMANCANE

- Amadolobha amancane lapha eNingizimu Afrika yonkana ehlukaniswe NGOKWAMAWADI.
- Kanti iwadi ngayinye, isuke imelelekile EMKHANDLWINI WENDAWO.
- Bese kuthi uMkhandlu Wendawo ngamunye, wona umeleleke EMKHANDLWINI WESIFUNDA.

UMA UHLALA EMADOLOBHENI AMAKHULU

- Amadolobha amakhulu lapha eNingizimu Afrika yonkana ehlukaniswe NGOKWAMAWADI.
- Kanti iwadi ngayinye, isuke imelelekile EMKHANDLWINI OMKHULU (OKUTHIWA YI-METRO).



NGABE KUVOTWA KANJANI OKHETHWENI LOMASIPALA NA?

UMA UHLALA KUMASIPALA WENDAWO, UZOTHOLA AMAPHEPHA AMATHATHU OKUVOTA:

Iphepha lokuvota elinombala oPhuzi – lapha uvotela iqembu lezombusazwe ofuna ukuthi kube yilona elizokumela eMkhandlwini Wendawo Kumasipala.

Iphepha lokuvota elinokuMpunga nokuMhlophe – lapha uvotela umuntu okungenzeka ukuba umele iqembu elithile lezombusazwe noma uzimele yena nje uqobo lwakhe ukuthi kube nguyena ofisa abe yikhansela lakho kuleyo wadi ohlala kuyo eMkhandlweni Wendawo Kumasipala.

Iphepha lokuvota elinombala oLuhlaza okotshani – lapha uvotela iqembu lezombusazwe elizokumela eMkhandlweni Wesifunda Kumasipala.

UMA UHLALA KUMASIPALA OMKHULU, UYOTHOLA AMAPHEPHA AMABILI OKUVOTA:

Iphepha lokuvota elinombala oPhuzi – lapha uvotela iqembu lezombusazwe ofuna ukuthi likumele eMkhandlwini Omkhulu kaMasipala.

Iphepha lokuvota elinokuMpunga nokuMhlophe – lapha uvotela umuntu okungenzeka ukuba umele iqembu elithile lezombusazwe noma uzimele yena nje uqobo lwakhe ukuthi kube nguyena ofisa abe yikhansela lakho kuleyo wadi ohlala kuyo eMkhandlwini Omkhulu kaMasipala.



Okumayelana NeKhomishani Yokhetho

IKhomishani Yokhetho yisikhungo esizimele, esinobulungiswa nesakhiwe ngokweSahluko 9 soMthethosisekelo. IKhomishani iphatha ukhetho lukazwelonke, olwezifundazwe kanye nolomasipala. Iqinisekisa ukuthi lezi zinketho zithembakele, zikhululekile futhi zinobulungiswa.

Ihhovisi Likazwelonke

Ucingo: 012 622 5700
info@elections.org.za
www.elections.org.za
Isikhungo Sokuxhumana: 0800 11 8000
(ngesikhathi sokhetho kuphela)

Silandele lapha:

Xhumana Namahhovisi Ezifundazwe

EMpumalanga Kapa:	043 709 4200
EFreyistata:	051 401 5000
EGauteng:	011 644 7400
KwaZulu-Natali:	031 279 2200
ELimpopo:	015 283 9100
EMpumalanga:	013 762 0640
ENyakatho Ntshonalanga:	018 391 0800/5
ENyakatho Kapa:	053 838 5000
ENtshonalanga Kapa:	021 910 5700

isiZulu